Soek jy 'n fantastiese tutor?

www.teachme2.com/matriek

Byeengebring deur

teachme2

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/
NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

2022

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 70

Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi ayisi-8.

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

INDLELA YOKUMAKA:

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wempendulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Amaphutha kumele omakayo awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo uma kunamaphutha.

2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo lawo magama ngeke anakwe uma ngabe impendulo ayibhalile inomqondo ophelele.Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona lokho kuyovumeleka.

3. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo YEBO/CHA/ANGIVUMI/NGIYAVUMA azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.

4. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo IQINISO/AKUSILO IQINISO/UMBONO/IQINISO azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.

5. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke; umfundi uthola amamaki uma edwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.

6. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusanakwa.

7. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi empendulweni yakhe.

8. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje:
   A. UThoko/A (okuwuhlamvu oluphelele)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA

UMBHALO A (OFUNDWAYO)

1.1 Inukubezwa ukungcoliswa kwamanzi, komoya nokomhlabathi.√ (1)

1.2 Iningi labantu licabanga ukuthi kukhona ukungcoliswa kwemvelo okungcono kunokunye kanti cha konke kunomthelela nemiphumela engemihle empilweni yabantu nakwezinye izidalwa.√√ (2)

1.3
- Ukufuduka kwabantu bethutheleke emadolobheni.√
- Ukwakhiwa kwezindlu, izimboni kanye nemigwaqo.√ (2)

1.4
- Ukudla okudayiswayo akusazikhuleli kona√
- Imfuyo seyikhuliswa ngamakhemikhali,√
- imikhiqizo eyakhiwe ngamakhemikhali ibulala izimila nezinhlanzi ezisemanzini.√
- Udoti othuthwa emakhaya nasezibhedlela nezinye izindawo awulahlwa ngendlela.
- Kuba namagundane, omiyane nephunga elibi okudala izifo ezahlukene.

(Amaphuzu amane kulawa angenhla) (4)

1.5 D/Isilonda sisola imbilapho.√ (1)

1.6 Lezi zigaba ziqukethe imiqondo engafani, isigaba sesi-5 siqukethe umqondo womphumela odalwa ukunukubezwa kwemvelo√ kanti isigaba sesi-6 sona siqukethe amasu angasetshenziswa ukuvikela ukunubezwa kwemvelo.√ (2)

1.7 Umbhali walesi siqephu uhlose ukufundisa/ukuqwashisa ngokunukubezwa kwemvelo kanye namasu angasetshenziswa ukuyinakekela.√√

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (2)

1.8 Ngicabanga ukuthi umhlaba ungaba ngcono ngoba ungahlanzeka futhi ubuyele esimeni sezulu nokufudumala komhlaba okufanele/abantu bangabona ukuthi kubaluleke kanjani ukunganukubezwa kwemvelo ngoba kungasiza abantu ukuba bangabi nezifo ezingapheli. √√

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (2)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

1.9 Isimo sokukhuluma esithi, 'azilime ziye etsheni' sinobungozi obukhulu ngoba sisho ukuthi akusale sekuyekwa konakale. Kanti umbhali walesi siqephu ugqugquzela ukongiwa kwemvelo ngoba ibalulekile empilweni yabantu.√√ (2)

1.10 Umbhali usiphethe kahle lesi siqephu ngesitatimende esigqugquzela izakhamuzi zaseNingizimu Afrika sokuthi ukusimama nokushabalala kwemvelo kulele kubona. Yizona izakhamizi ezingalekelela ukuvikela imvelo noma kube yizo ezingayicekela phansi.√√ (2)

UMBHALO B (OBUKWAYO)

1.11 Esithombeni soku-1 kunabasebenzi abaqoqa udoti basebenzisa amahalavu ukuwufaka elolini elithutha udoti.√√ (2)

1.12 Lezi zithombe zikhombisa ukungcoliswa kwemvelo okungafani. Esithombeni sesi-2 kungcoliswa imvelo ngokulahla udoti emfuleni kanti esithombeni sesi-3 kulahlwa/kuthululelwa phansi udoti endaweni yomphakathi.√√ (2)

1.13 UMBHALO A isigaba sesi-5 sikhuluma ngokungcoliswa kwemvelo okuthintene nemifula ngoba konke lokhu kungcola namakhemikhali kuguguleka kuyongena emifuleni emikhulu, emadamini nasolwandle.√√ Kanjalo noMBHALO B, isithombe sesi-2 sikhombisa umuntu othululela udoti emfuleni lokhu okungabanga ubungozi emvelweni ephila emanzini kanye nakubantu abasebenzisa lawo manzi.√√ (4)

1.14 Abantu abasesithombeni sesi-4 benza umsebenzi oncomekayo wokuqoqa imfucuza engcolisa imvelo. Kubalulekile lokhu abakwenzayo emphakathini ngoba bafundisa inhlanzeko nasezinganeni abasebenza nazo kanye nokunqanda ukubhebhatheka kwezifo ezingadalwa ukungcola kwendawo kanye nokungcola komoya.√√ (2)

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa.)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO

UMBHALO C

AMAPHUZU ACASHUNIWE		AMAPHUZU OWABEKE NGAMAGAMA AKHO	
1	Qinisekisa ukuthi uyayazi inhloso kanye nohlobo lomcimbi ozowenza.	1	Yenza isiqiniseko sokuthi uyasazi isizathu esikwenze wenza umcimbi kanye nohlobo lomcimbi ozowenza.
2	Lwazi uhlobo lwabantu ozobamema emcimbini wakho.	2	Iba nolwazi lokuthi uzomema abantu abanjani emcimbini wakho.
3	Qoka indlela yokuxhumana esheshayo, eyongayo nezofinyelela kalula kubantu obamemayo.	3	Khetha indlela yokuxhumana esheshayo, engabizi nezokwenza kubelula ukuthi abantu obamemile bawuthole umyalezo.
4	Hlela indawo yokupaka izihambeli zakho kanye nabazosiza ukugwema isiminyaminya.	4	Lungisa indawo yokuma izimoto kube nabantu abazolawula ukugcwala kwezimoto ngokweqile.
5	Sazi isibalo sabantu abazophumelela emcimbini wakho kusenesikhathi.	5	Yazi ukuthi ulindele abantu abangaki lusekude usuku lomcimbi.
6	Yiba nokudla okwanele ukwenelisa zonke izihambeli zakho ngokwehlukana kwazo.	6	Pheka ngokwanele ukudla okulungele zonke izimenywa zakho ngokwezidingo zazo.
7	Hlela kahle abasebenzi bakho kanye nezikhulumi zangosuku lomcimbi kusenesikhathi.	7	Thola abantu abazokusiza ngokusebenza nabazoba sohlwini lwezikhulumi ngomcimbi lungakasondeli usuku lwawo.

Yenza isiqiniseko sokuthi uyasazi isizathu esikwenze wenza umcimbi kanye nohlobo lomcimbi ozowenza. Iba nolwazi lokuthi uzomema abantu abanjani emcimbini wakho bese ukhetha indlela yokuxhumana esheshayo, engabizi nezokwenza kubelula ukuthi abantu obamemile bawuthole umyalezo. Lungisa indawo yokuma izimoto kube nabantu abazolawula ukugcwala kwezimoto ngokweqile. Yazi ukuthi ulindele abantu abangaki lusekude usuku lomcimbi. Pheka ngokwanele ukudla okulungele zonke izimenywa zakho ngokwezidingo zazo. Thola abantu abazokusiza nabazoba sohlwini lezikhulumi ngomcimbi lungakasondeli usuku lwawo.

[Inani lamagama – 70]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

Indlela yokumaka ukufingqa

Ukumaka lo mbuzo kweyame ekusebenziseni amaphuzu anembayo nahambisana nomyalelo.

- **Ukwabiwa kwamamaki:**
  - Amamaki ayisi-7 awamaphuzu ayisi-7 (imaki elilodwa lihambisana nephuzu elilodwa).
  - Amamaki ama-3 awolimi.
  - Amamaki esewonke: 10.

- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma abahlolwayo besebenzise amagama abo:**
  - 1–3 amaphuzu anembayo: nikeza imaki eli-1 olimini.
  - 4–5 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-2 olimini.
  - 6–7 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-3 olimini.

- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo engacaphunanga njengoba kunjalo:**
  - 6–7 acashuniwe, awekho amamaki olimi.
  - 4–5 acashuniwe, nikeza imaki elilodwa lolimi.
  - 2–3 acashuniwe, nikeza amamaki amabili olimi.

- **Ukubalwa kwamagama:**
  - Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama asetshenzisiwe.
  - Alikho imaki okumele liphucwe ohlolwayo ngokuhluleka ukuveza inani lamagama awasebenzisile noma ukuveza inani okungesilo lamagama awasebenzisile.
  - Uma ohlolwayo eqile enanini lamagama amiselwe (70), kumele kufundwe amagama kuze kufike ekugcineni kwalowo musho eqe ngawo.

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3: UKUHLAZIYA ISIKHANGISI

3.1 Kukhangiswa amakha / isiqholo i-Old Spice, futhi ibhekiswe kubantu besilisa abazithandayo/abathanda ukuhlale benuka kamnandi.√√ (2)

3.2 Umthengi uzohlala usuku lonke enuka kamnandi, amakha ngeke anamathele ezingutsheni futhi ngeke amnikeze inkinga esikhunjeni sakhe. / Umthengi uzoba nokuzethemba ngoba uzobe enuka kamnandi.√√ (2)

3.3 Lesi simo sokukhuluma sisetshenziselwe ukuchaza ukuthi ungabe usazibambezela.√ Ngakho-ke sisetshenziselwe ukugqugquzela / ukunxenxa√ ukuba abathengi abafunda lesi sikhangisi bayeke konke abakwenzayo bayothenga lesi siqholo i-Old Spice.√ (2)

3.4 Lo muntu wesilisa osesikhangisini ukhombisa ukuzethemba/ukuziqhenya/ ukuzizwa, √ okukhombisa ukuthi i-Old Spice imenza angesabi ukuhamba eqimbile emphakathini ngoba usebenzisa amakha ahlala usuku lonke emzimbeni.√ (2)

3.5 Umkhangisi ulusebenzise kahle ulimi olukhohlisayo ngamagama athi, 'ngamakha aphambili / ihlala usuku lonke / ilungele noma yiluphi uhlobo lwesikhumba' √ ngoba abantu bazohamba bayothenga lesi siqholo ngoba becabanga ukuthi yisona esiphambili kunazo zonke ezinye iziqholo.√ (2)
[10]

UMBUZO 4: UKUHLAZIYA IKHATHUNI

4.1 Isibiyelo esisetshenziswe enganeni encane kunezinye kule khathuni sichaza ukuthi ingane iyacabanga, ayikuphimiseli lokhu ekucabangayo. / Isibiyelo esisetshenziswe enganeni encane sichaza ukuthi ingane icabanga unodoli wayo.√√ (2)

4.2 La mazwi asetshenziswe enkulumeni kamama aveza umuzwa wokubalisa /wokudangala / wokukhathazeka /wokubhuqa/ wokudinwa√ ukuthi wonke umuntu uthokozile futhi uzicabangela yena kuphela akekho noyedwa ocabanga ukumsiza amgezise izitsha emuva kokudla isidlo esimnandi kangaka.√ (2)

4.3 C/wamandla.√ (1)

4.4 Umhwamuko osetshenziswe phezu kwenkukhu ukhombisa ukuthi inkukhu iyashisa.√√ (2)

4.5 Le nkulumo kababa egudliselayo ikhombisa ukuthi uyakuthokozela lokhu kudla okuphekwe namhlanje.√ Ayikho enye into azoyenza uma esedlile ngaphandle kokuthi ayolala angabe esaba nandaba nakho konke okuzokwenzeka lapha ekhaya.√√ (3)
[10]

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

5.1 Incazelo yegama elibhalwe ngokugqamile emgqeni woku-1 lihlonipha igama ngemali.√ (1)

5.2 Uma **ni**ngenalo ulwazi olwanele lokuhweba **ni**ngazithola **seni**lahlekelwa yimali yonke.√√ (2)

5.3 Lisetshenziselwe ukuchaza ibizo i-akhawunti / liyachaza.√ (1)

5.4 Lesi simo sokukhuluma sisetshenziselwe ukuxwayisa / ukuqwashisa / ukuvula abantu amehlo abantu abafuna ukuhweba nge-FOREX ukuthi kungamanga lobu bukhazikhazi abathi bayabuphila. √√ (2)

5.5 Bayaheheka√ (1)

5.6
- Akusilona iqiniso lelo.√
- Kunzima lapha ekuhwebeni.√ (2)

5.7 SAFEA/SAFEAC√ (1)
[10]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 30
AMAMAKI ESEWONKE: 70